

PULA IMVUILA

>> GROWING FOOD >> GROWING PEOPLE >> GROWING PROSPERITY >>



UFEBRUWARI
2019

UKUPHATHA KAHLE

= ukupulana & nesikhathi esihle



Kwakukhona umlimi. Wayengumlimi omuhle. Waphumelela ukuthola isivuno esihle phezukokuba kunezimo eziyinselelo. Ngolunye usuku umakhelwane wamcela ukuba aveze imfihlo yakhe. Umlimi waphendula kalula wathi 'Ngonyaka odlule ngahalelelo lo nyaka njengonyaka ongaba nesimo esinzima futhi ngenza amasu okuthi ngingenza kanjani ukuthi nakuba kunjalo kodwa ngikwazi ukuthola imiphumela emihle yize kunezimo eziyinselelo'.

Umhlaba wethu uhlaselwa yisimo sezulu esingajwayelekile. Izimo esilima ngaphansi kwazo namuhla azisafani nangesikhathi seminyaka yokhokho bethu. Indlela eyodwa ezokwenza siqinisekise ngokuvikeleka kokudla ngomuso ukuguqula! Kudingeka sihlelelo izimo ezinhlobonhlobo nokuthi singakwazi kanjani ukukhiqiza ukudla ngaphansi kwale zimo ezahlukahlukene.

Ukuba ngumlimi kudingeka uqondise ubuciko bokuhlela ukuze uhlale usebhizinisini! Njengomlimi wezilimo kufanele ube nenqubo eqhubekayo

*Incwadi yeGrain SA
yabalimi abasakhulayo*

Funda ngaphakathi:

04 | U-ABC wokumaketha isilimo sakho

06 | Yebo, yisebenzise imali yokwebolekwa, kodwa...

07 | Isikhashana sokuvelela kodwa ukulungiselela yimpilo yonke





IZWI ELIVELA KU... *Graeme Engelbrecht*

Ngabe yini ongayenza ngokwehlukile? Lo umbuzo okufanele ngabe sizibuba wona.

Izilimo zethu kufanele ngabe ziqala ukukhombisa amandla azo, ukujabula noma ukubha, kuyimvelo yethu ukufuna ukwenza okungcono. Manje, njengoba umsebenzi wonke owenziwe usefreshi engqondweni yakho, yisikhathi sokuhlehlha ume emuva bese uhlaziya imiphumela yomsebenzi wakho, kudingeka ube neqiniso futhi uqiniseke futhi ubheke izinyathelo eziqondile ezingenza ngcono isilimo sakho. Buka eduze nawe, ukuthi benzani omakhelane bakho noma abangani bakho benzani? Hamba kuma-famers days, buza kwabanye abanemibono oyihloniphayo.

Uma ungenzile kanjalo kufanele urekhode okwenzile kuze ufineyelele kule sigaba, nezinsuku zokwenza, futhi okubalulekile, manje yini unga-thanda ukuyenza ukwenza ngcono. Rekhoda imininingwane, amathiphu noma idatha ethile oyiqoqile. Uqala ukwenza izinhlelo zakho zesizini ezayo, ukwenza ngcono ukuze wenze okungcono noma wenze okukhulu.

Ukuba nohlelo olusethiwe kuzokusiza ukualala manje, ukusebenzela ngakulelo pulane futhi akusewona umbono noma iphupho. Amathuba akho okuphumelela nokulandela ipulane azokwenza ngcono futhi kukunika into ungakwazi ukuyibheka njalo futhi uma kudingekile, ungenza izinguquko ezidingekeyo.

Ukufunda emaphutheni akho, wenze ngcono, uma ungaboni amaphutha kuphela kodwa thole enye indlela, engcono yokukwenza futhi ke uqinisekise ukuthi ngempela uyayiqalisa leyo ndlela 'yokwenza kangcono'.

Ukuphatha kahle = ukupulana & nesikhathi esihle

yokucabangela phambili. Ngisho noma ngabe uyavuna namuhla kufanele ube ucabanga ngesilimo okufanele usitshale ngesizini elandelayo. Kodwa izinhlelo zakho ungazigcini engqondweni, zibhale phansi.

Amathiphu azokusiza uhlele ngempumelelo

Qala ngokunika insimu yesilimo ngayinye igama noma ikhodi. Lokhu kufanele kuhlale kunjalo. Ngaphansi kwegama le nsimu bhala ukuthi ngaleso sikhathi isimo sayo sinjani i.e. kutshalwe ummbila, akutshaliwe, kutshalwe ujikanelanga. Manje qhubeka nokukuhlukanisa lokho ngokubhala eminye imininingwane ngokwenza ama – aplikheshini reyhi efana nenani lezitshalo, ama-aplikheshini amakhemikhalu, umanyolo njall.

Ngokwenza lokhu unekeza insimu iphuzu lokugeyija ukuze ulandele izimo nokusebenza uqhubekele phambili. Lokhu kuzokuvumela ukuba uhlele futhi wenze nezinguquko emnyakeni elandelayo ama-*input* ngokususela kwimiphumela konke ngesikhathi ubheka izinguquko ensimini yonke. Ungathola futhi ukuthi lokhu kuzokusiza ekunciphiseni izindleko njengoba manje uzobe wenza ama-oda ngokwezidingo ezithile zensimu ngayinye.

**“Ukuba ngumlimi
kudingeka uqondise
ubuciko bokuhlela ukuze
uhlele usebhizinisini.”**



Gcina ibhuku losuku ungahlukani nalo ngaso sonke isikhathi. Lokhu kufanele kuhlale kuphelele kukusha ngakho konke omatasatasa ngakho.

ngempumelelo ngonyaka olandelayo. Kuzokunika nesikhathi futhi sokwenza amaqhinga nokwenza amalungiselelo namabhange noma nezinye izikhungo zezimali uma kuba nesidingo. Ibajethi elungiselelwae kahle ingahamba indlela ende ekwakheni ithemba kubatshali-zimali ebhizinisini lakho.

- **Ama-*input*** – njengoba kubaluliwe ekualeni, ngokuba khona kohlelo olulungisiwe nokwazi imisebenzi ngqo ukuthi yimiphi imisebenzi ezokwenziwa ensimini ngayinye kanye nokuthi yisiphi isilimo esizotshalwa kuphi, uzokwazi ukuhlelela izidindo zama-*input* kahlele. Uma lokhu





Kudingeka usazi isidingo sakho sesimo sezimali kuze kufike esentini ukuze uhlelele isizini elandelayo.

kungafezekiswa nebajethi yakho imi ngendlela mhlampe uzokwazi ukufaka ama-oda ama-input kahle nangesikhathi.

- **Izidingo zomsebenzi** – umsebenzi umkhakha womsebenzi wethu wokulima nongaba izindleko ezinkulu kodwa ngokuvamile asiuuhleleli ngendlela efanele. Kuyinto evamile ke nokho ukuthi izidingo zemisebenzi yethu zikhule kakhulu ngesikhathi esimataswa. Zihluphe ngokuhlelela izidingo zabasebenzi futhi ukukhuthale ukwenza amalungiselelo amalungu esitafu afika ngamasizini athile ukuze batholakale ngesikhathi ozobadinga ngaso futhi uxoxisane nabo ngemibandela yokuqashwa kwabo ngaphambi kokuba kuqale isizini ukuze ugweme ingxabano ngokuquhubeka kwasikhathi.

“Ipulane iba inhle kuphela njengendalela oyenze ngayo nokuyi-implimenta.

- **Izidingo zempahla yokusebenza** – wazi ukuthi ungakanani umthamo wakho mayelana nempahla yokusebenza one-eksesi kuyo. Ungazinwebi kakhulu futhi uthathe okungaphezulu kwalokhu ongakwazi ukukusebenza. Kubalulekile futhi ukuba ukuhlelela phambili ukunakekela nokuqinisekisa ukuthi impahla yakho yokusebenza isesimeni esihle ngaphambi kokuba kuqale isizini.

- **Isikhathi** – isikhathi siyikho konke. Uma unohelelo oluhle olwenzile nezimo ezaahlukene uzungiselele, ngalokho uzoba sesimeni esingcono kakhulu sokuthola imiphumela eyimpumelelo njengaye lo mlimi omuhle ekuqaleni kwale athikhili.

Ipulane iba inhle kuphela njengendalela oyenze ngayo nokuyi-implimenta. Ungawufaki umfutho ekupulaneni uma ungeke uwasebenzise lawo mapulane. Okungenani khuthala futhi uface umfutho ozokuvunisa izivuno ngomuso.

**I-Athikhili ibhalwe ngu-Gavin Mathews,
i-Bachelor's in environmental management.
Uma ufuna iminininingwane egcwele, thumela
i-imeli ku-gavmat@gmail.com.**



U-ABC WOKUMAKETHA ISILIMO SAKHO

Kule athikhile sizothinta ukubaluleka koku-maketha okusanhlamu kanye nokubona amasu angasetshenzwa abalimi uku-hlanganisa uhlelo lwabo lokumaketha.

Ukumaketha ukusebenza kwemisebenzi yonke yamabizini ebandakanyekayo ekuqhubekei kwezimpahle nezidingo (kulokhu ummbila) kusukela ekuqaleni komkhqizo wezolimo kuze kufike ezandleni zomthengi.

Kubalulekile ukuqaphela ukuthi amaqembu anezinhoso ezahlukene azobheka ukumaketha ngakwahulkene. Abathengi bafuna umkhqizo wabo onentengo ephansi kakhulu, kanti abalimi bafuna inzuu ephezulu kakhulu. Lokhu kungaholela engabanweni phakathi kwabakhqizi nabathengi, noma kulokhu, abagayi bommbila. Abakhqizi bommbila nabagayi bobabili babhekana nezimo eziguqukayo zezimakethe ezi-afekthwa ngamafektha amanangi abangenawo amandla okuwalawula. Kunamatuluzi ahlukene namasu okumaketha abalimi nabagayi abanciphisa ngawo ubungozi kulokhu kuguquguqua kwamanani entengo.

Ukuthuthukisa noku-implimenta isu elihlangene lokumaketha yisinyathelo ebalulekile eliya ekwakheni ibhizinisi lokulima elinenzuso. Isu lokumaketha lizokusiza ekwenzeni isinqumo esinomqondo ophusile wokumaketha, ukukuvumela ukulawula ubungozi bamanani entengo nokwenza ngcono inzozo. ezimaketha. Ukuze umaketha ngempumelelo, umlimi kudingeka ahlale enolwazi futhi aguquguquke.

I-profit margins iyaqhubeka nokuncishiswa futhi abantu abalawula ubungozi babo yibo abayosala bermile. Ukuze ube ne-grain-marketing plan engafani, kudingeka uguquke nezimaketha. Uku-maketha akuqali ephoyintini lokudayisa.

Ukunamatela ku-pre-set marketing plan ngendlela ethobekile yindlela ebalulekile yokugwema ubungozi bamanani entengo adingekayo. Uku-hlala unolwazi ngemaketha kuzosiza ukuqinisekisa i-aksesi yowlazi oludingekayo ukuba athathe ithuba lokunyakaza kwamanani entengo. Uhlelo lokumaketha kufanele futhi luhlaziywe futhi lubuyekezwe ngokwejwayelekile njengesimo esiguquguqukayo se-saplayi nedimandi.

Amasu okumaketha akhona abalimi bukusanhlamvu

Ukuvuna nokulondoloza okusanhlamu kwama co-operation silo badayise ngesinye isikhathi lapho amanani entengo esekhuphukile

Okuhle ukuthi abakhqizi bangahlomula ekukhulleni kwamanani entengo ngasekupheleni kwesizini ngenxa yamafektha esaplayi nedimandi. Kodwa okubi ukuthi ayiko ifomu yokuvikela ubungozi bamanani entengo nezindleko zokulondoloza; ukuphathwa kokusanhlamu; kanye nentela yife-ktha enkulu.

Ngaphambi kokuvuna beka izinkontileka

Inkontileka ebekwa ohambile ingabonakala njengesivumelwano phakathi kwezinhlangothi ezimbili ukuthela nodayisa noma iliphi i-asethi ngesikhathi sangomuso. Okuhle ukuthi lelisu lisiza ukulawula nokusingatha ubungozi bamanani entengo. Kuye ngohlolo lwenkontilaki, okubi ukuthi umlimi akahlomuli kunzozo yobuhle bamanani entengo aguquguqukayo. Kusemahlonbe omili- mi ukudiliva ikhwantithi yokunciphisa amanani kumthengi, okwandisa ukusala dengwane komlimi ebungozini bukukhiqiza.

Ukuvuna nokulondoloza kuma-silo akho

Imihlomulo yokuba ne-silo okungeyakho ukuthi asizubakho isidindo sokubhadala ngqo inqolobane futhi njengomkhqizi ungathola isabelo ekukhushulweni kwamanani entengo ngokuhamba kwesikhathi ngesizini uma idimandi nesaplaysi ivuna wena. Ngakolunye uhlangothi, isithiyo ukuba nekhephithali /imali yokwakha i-silo.

Ukuvuna nokulondoloza ezikhwameni ze-silo

Okuhle ukuthi umlimi uyakwazi ukonga ngezindleko zokukhkhela indawo yokulondoloza nemali

yokwakha i-silo njengoba izikhwama ze-silo zishibhile kunesakhwi se-silo esimi njalonjalo. Umkhiqizi angahlomula ekukhuphukeni kwamanani entengo, uma amafektha edimandi nesaplaysi ekuvumela. Ubungozi bezikhwama ukwehla kwe-khwalithi yokusanhlamu uma kugcinwe isikhathi esengeziwe.

Zinciphisele ubungozi ku-Safex (ikusasa nokuzikhethela)

Okubi ukuthi umlimi angalawula aphinde anciphise ubungozi bamanani entengo. Okubi izindleko zokunciphisa ubungozi inani elithile lemali ukuze usebenzise ama-futures and option. Abalimi abangazizwa benesibindi sokuhweba kuma-Futures exchange (Safex) aqasha abawhebi, abakhokhelwayo.

Dayisa okusanhlamu khona lapho futhi uthenge ama-futures

Kulabo abangafuni ukugcina okusanhlamu kwabo, bangalilandela leli cebo. Badayise okusanhlamu kwabo emaketha masinyane emva kokuvuna futhi bathenge ama-futures ukuze bahlale emaketha. Okuhle ukuthi umlimi angaqhubeka ahломule



Sebenzisa ummbila wakho njengokudla kwemfuyo futhi uyidayisa imfuyo.



Sebenzisa izindawo zakho zokulondoloza.

AMAFEKTHA AYISITHUPHA OKUSUNGULA UHLELO LOKUMAKETHA

Cabanga ngala mafektha ayisithupha alandelayo uma usungula uhlelo lokumaketha:

1

Ubungozi bokukhiqiza

Khetha izilimo ezinamandla okungenisa imali eningi kakhulu khona ekujikeleziseni izilimo okusetshenzisive nokunobungozi obuqondisisiwe abuhambisana nokulima leso silimo.

4

Amasu okumaketha

Nciphisa ubungozi bokwehla kwamanani entengo ngokusebenzisa izinkontileka zokusanhlamu nangokumenena inqolobane/indawo yokulondoloza.

2

Ukuhlaziwa kwezimaketha

Qoqa yonke imininingwane edingekayo ukwenza isinqumo esinengqondo nesiphusile. Bhekisisa imakethe ukuze wazi uma kufanele ukhphule inzuzo.

5

Izinyathelo nama-timeline

Khomba amanani entengo athagethiwe, amathuluzi okudayisa, okuyisisusa sezinqumo, nokwakha ama-timeline kanye nezinto ezibalekile zoku-implimenta upulane.

3

Isimo sezimali

Qondisia izindleko zokukhiqiza nezidingo ze-cash flow yepulazi.

6

Ukuhluzwa

Ukumaketha okusanhlamu kungumsebenzi oqhubekeyo; buyekeza isu lokumaketha okungenani njalo ngonyaka.

**Okusanhlamu kugcine ezikhwameni ze-silo.**

kumanani entengo akhuphukile futhi akudingeki ukuba bakhokhe imali yokulondoloza, futhi bayawazi ukukhokha izikweletu masinyane.

Okubi ukuthi uma imakethe iguquka nemannani entengo ayebla, bese umlimi uyalahlekewawa, nokungaba nomthelela omubi ku-cash-flow yomlimi.

Sebenzisa ummbila wakho ukondla imfuyo uphinde uyidayise

Kubalimi abanakho kokubili imfuyo nezilimo;

ngokucabanga ngokondla imfuyo njenge-feed transferring ratio, omunye anganquma ukuthi ngabe angacabanga ukuwudayisa ummbila wakhe noma ondle ngawo imfuyo yakhe ngesikhathi seminyaka yentengo ephansi yommbila, okungenani bangazitholela imali ngemfuyo yabo.

Okubi ukuthi amanani entengo yenyama nawo ayaguquguquka, ngakho ayikho igaranti amanani entengo yenyama azoqhube ka isikhathi eside ngesikhathi seminyaka yamanani ommbila ephansi.

Isiphetho

Ukunamathela ku-pre-set marketing plan ngendella enokuzithiba kubalulekile ukugwema amanani entengo anobungozi. Ukuhlala wazi ngemakethe kuzosiza ukuqinisekisa i-aksesi yowlazi oludingekayo ukuba uthathe ithuba lokuguquguquka Iwananani entengo. Uhlelo lokumaketha kufanele luhlaziwe futhi lubyekezwe njalo njengoba kuba nokuguquguquka kwezimo zesaplayi nedimandi.

i-Hedging yindlela eyodwa yokunciphisa ubungozi ezimakethe zemikhqiyo kanye nekusasa lezinguquko zezimakethe. Njengokusethenziswa komshwalese wemoto, ukunciphisa amandla ezindleko zengozi yemonto, abakhqiizi bezolimo bangalisebenzisa ikusasa lezimakethe zemikhqiyo phecelezi-commodity futures market ukunciphisa ukwehla nokwenyuka kwamandla ezindleko zamanani entengo yemikhqiyo.

**I-Athikhili ibhalwe ngu-Ikageng Maluleke,
i-Junior Economist, Grain SA. Uma ufuna imininingwane egcwele, thumela i-imeyili
ku-ikageng@grainsa.co.za.**



Pula Imvula's Quote of the Month

Find a group of people who challenge and inspire you, spend a lot of time with them, and it will change your life.

~ Amy Poehler



YEBO, yisebenzise imali yokwebolekwa, KODWA...

K ushiclelo IwePula Imvula ka-Agasti 2018 sixoxe ngalo mbuzo 'Ngiyisebenzise imali yokwebolekwa noma cha'. Kule athikhili umbuzo othi ngabe ukusebenzisa imale yokwebolekwa ukuqala ibhizinisi kuzokwenza ngcono ireyhi yemali yakho ngqo, kukhuluniwe ngakho.

Ukuzikhumbuza: Imali ozoyidinga yokusukumisa ibhizinisi lakho nokunakekela ibhizinisi lakho ibizwa ngokuthi yikhephithali. Futhi, empeleni mibili imithombo yemali/yeckhephithali. Okokuqala, imali okungeyakho – itemu elisetshenziselwa ikhephithali imali oyikhipha ephaketheni lakho (mhlambé, imali oyongele lenhoso). Okwesibili, ungeboleka imali komunye umuntu, eyaziwa ngemali yangaphandle.

Ku-athikhili ka-Agasti 2018 sithole ukuthi, ukusebenzisa imali ebolekiwe kungumthwalo oxubene nobungozi, ngakho ke kudinga kucatshangwe ngokucophelela. Siphinde sabhekisa kuyo ukuba asebenzise i-cash-flow bhajethi ukunquma ukuthi ngabe uzokwazi ukubhadala imalimboleko (imali yangaphandle).

Kodwa, lokho nokho bekuyingxene yeodwa yombuzo wokuthi uyisebenzise noma ungayisebenzisi imali yokwebolekwa. Enye ingxene yombuzo ukuthi, kufanelo yini ukusebenzisa imali ebolekiwe? Ukuze uthole impendulo yalo mbuzo udinga iminingwane yezezimali etholakala ku-balance sheet (i-isitatimende sesimo sezimali) ne-income statement (i-statement of financial performance) sebhizinisi lakho. Qaphela ukuthi, ngaphandle kwemininingwane eqondile ekhona ngeke ukwazi ikunikeza impendula eqondile kulo mbuzo.

Ukunquma ukuthi ngabe kulungile ukweboleka imali yebhizinisi, kudingengi unqume ngokuthi ngabe kukhona ukukhula kwe-reythi emalini yakho ebuyayo. Chaza ngokwamathemu alula, i-rate of return isho inani lemali eyenziwe ukutshala kwakho ishiwo ngokwamaphesenti – uma utshala, ake sithi ukwenza isibonelo ufaka u-R100 000 ebhange ku-saving account isikhathi esiwunyaka

owodwa, ngasekupheleni konyaka uthola u-R105 000. *I-rate of return* ku-investiment yakho ngakho kuzokuba u-5% (R5 000 ngo-kwamaphesenti u-R100 000 = 5%).

Ngeshwa, iqiniso ukuthi ukulima eNingizimu Afrika, *i-rate of return* noma imali oyitholile ku-investiment okungenani iphansi – ngokwe-avareji enye u-6% - 7% ngonyaka, ikakhulukazi kuzinhlobo ezinkulu zokulima. Ukuphawula okuseceleni – lokhu kushiya umbuzo othi – ngokwe-avareji ka- 6% - 7%. A side-line – ngabe kufanele ukulima? Ungthola imali eningi ngoku-investa imali yakho esikhungweni sezezimali futhi uthole engapezulu ngo-6% - 7% ngaphandle kokufaka umfutho noma ubongozi.

Ngakho ke, njengomlimi, kufanele ucabange ngalo mbuzo othi kufanele usebenzise imali yokwebolekwa ngokubona kwakho, ngabe ukusetshe-nziswa kwemali ebolekiwe kuyenza ngcono-i-rate of return emalini yami ngqo?

Imali ozoyidinga yokusukumisa ibhizinisi lakho nokunakekela ibhizinisi lakho ibizwa ngokuthi yikhephithali.

Ake sicabange ngesibonelo esilula. Usungule ipulazi elincane futhi utshale u-R800 000 kulebi bhizinisi. Le nombolo ikhona ku-statement of financial position noma ke i-balance sheet (bona isibonelo saletatimende ku-athikhili edlule) ngaphansi kwe-owner's equity. Inzudo yepulazi njengoba kuveziwe ku-income statement asithi u-R80 000, bese kuthi i-rate return emalini yakho u-10%. Ufisa ukukhulisa ibhizinisi lakho wenza imali eningi, ngokungeza iyunithi encane ekhinqiza izinkukhu. Mhlampe ucabanga ukuyiboleka le mali, u-R200 000, ngenxa yale nhloso enenzalo ka-12%. Ubalile ukuthi inzudo yepulazi lakho ingakhuphuka ifinyelele ku-R90 000, lokho kungemuva kwenzalo ka-R24 000 ekhokhwayo.

I-rate of return ngemali engeyakho ngqo ngakho ke kuzoba u-11,25% (R90 000 ka R800 000 imali yakho) lena ephinde ibizwe nge-positive leverage.

Ivaysi vesa, ungaboleka kuphela u-R200 000 inzalo kube u-15% futhi inzalo yepulazi kuzoba u-R75 000 ngemuva nangenxa yenzalo ka-R30 000 okufanele ibhadalwe. Ngakho ke *i-rate of return* ngekhephithali yakho kuzoba u-9,375%. Le nombolo ingaphansi kwaleyo ebiziwe engu-10% *i-rate of return* ukhephithali yakho futhi iyi-negative leverage. Ngakho ke, isisephene, akufanele ukuba weboleke imali ukuze iqhubeku neyuniti yokukhiqiza izinkukhu. Isinqumo sokweboleka, sikuwena. Kodwa khumbula uma uyikhokhile imalimboleko isimo sizoguquka sibe sihle.

Amafektha amabili anomthelela ku-leverage inzudo engeziwe ezokwensiwa yibhizinisi entsha ezoyenza kanye ne-interest rate uzoyikhokha kumalimboleko.

Kungenzeka ucabange ukuthi konke lokhu kuyithiyori kancane. Ngokombono ophathekayo, kuhlezi kuyindlela ephephile ukungayisebenzisi imali yokwebolekwa. Noma, njengoba sibalulile ku-athikhili edlule 'i-debhithi engcono kakhulu ukheshe'. Kodwa uma unquma ukuthi kufanele weboleke imali, thola yonke imininingwane edingekayo futhi ubheke nenzalo ebiziwe kuleyo malimboleko. Xoxisana gokkhokha inzalo ephansi.

Siyakuvuma futhi ukuthi iqiniso lokuthi kwesinye isikhathi uzophoqeleka ukuba ueboleke imali ezogcina ibhizinisi lakho lisebenza, ngaphandle kwakho konke okubi okuhambisana nemali ebolekiwe – njengemalimboleko yokukhiqiza noma emva kwesomiso kodwa uboleke ngobuqotho.

I-Athikhili ibhalwe nguMarius Greyling, umbhali wePula Imvula. Uma ufuna iminingwane egcwele, thumela i-imeyili ku-mariusg@mcgacc.co.za.

ISIKHASHANA SOKUVELELA

KODWA UKULUNGISELELA YIMPILO YONKE



Inconya njengenhangano ebalulekile ehamba phambili, nephrokethi eyiphethe kahle intuthuko yasemakhaya emva kokungenelela kwe-AgriSeta: Ikwa-Dukuza Study Group.

Kwaba ngenkulu intokozo uma sizwa ukuthi ithimba lokuthuthukiswa kwaBaLimi lamenywa ukuba lihambele i-Annual AgriSeta Excellence Awards gala dinner ekuqaleni kuka-Okthoba 2018. Imenenja yethu yesikhathi esinesikhathi esie ekuThuthikisweni kwabaLimi, uMnu. Jerry Mthombothi ehhovisi iNelspruit Regional Development, wakhethwa ukumela ithimba.

Emcimbini owawubukhazikhazi sathokoza ukwaza ukuthi i-Grain SA yahlonisa ngezindondo ezinesithunzi, ezbizwa:

- Nge-Recognition as a **Leading Commodity Organisation**; ne
- **Best Governed Rural development Project After AgriSeta Intervention: IDukuza Study Group.**

Siyabonga kakhulu kwa-AgriSeta, osekuphele iminyaka eminingi ingophathina ne-Grain SA Farmer Development, ngazo zozimbili lezi zindondo. Siyazithoba futhi siyabonga kakhulu ukuthi bayazibona izithelo zokutshala kumaphroekthi ethu futhi siyathemba ukuthi sisezoqhubeke nokumbabisana iminyaka eminingi ezayo.

Siyakwemukela futhi siyabonga ngeqhaza labo kulempumelelo eyenzive yithimba elizinikele elihlanganyele ne-Grain SA Farmer Development Programme eliholwa ngu-Ms Jane McPherson. Khona manjalo, siyabancoma abalimi esisebenza nabo. Laba bantu abasebenza kanzima basise-

benzisa sonke isikhathi abasitholayo sokufunda nokukhula.

Ngokumbabisana okufuze lokhu siyakholwa ukuthi singawenza umehluko emazingeni okuvikela ukudla ezweni nasekhaya ngokwakha amabhizini aguquguqukayo okulima okusanhlamvu. Lokhu kutholakala ngokugcwala isikhala zolwazi kanye nokuhlomisa abalimi ngamakhono adingekayo kanye nokuqequesha okufanele ngemikhakha efanele yemisebenzi yokulima nokuphatha.

Impumelelo ilandelwa ukwenza

'Impumelelo ngumphumela wokuhle kakhulu, ukusebenza ngokuzikhanda, ukufunda ekwehlulekeni, ukwethembeka, nokubekezela.' – u-Colin Powell

Lokhu yiqaqiso kumzamo wethimba lokuthuthukisa abaLimi lakwa-Grain SA. Njenge-Grain SA, sizama ukubamba iqhaza oguqukweni kanye nasephusheni lokuhlangana, nenqubekela phambili emkhakheni wezolimo. Sifuna ukukhuluma ngezinselelo zokuvikeleka kokudla, ukungenisa imali kwalabo abane-eksesi emhlabeni kanye nokuqinisekisa ubunikazi bezimbiwa zendalo. Siyathokoza ngokusebenza emkhakheni onamandla okubamba iqhaza kuzo zonke izinsika zokuthuthukiswa kwezindawo ezsimekhanza.

Ngaphandle kongqozi Iwezinguquko nokuthuthukiswa kwabalimi, kufanele ukuthi amabhloksi ambalwa okwakha abekwengononina ukuqinisekisa amazinga aphezulu

obuhle nobuqotho akha uhlaka lokubusa kahle aloluhlelo oluvunywa ngobubanzi.

Amafektha abaluleke kakhulu aneqhaza eliqotho kulolu hlelo:

- **Sixhaswe ngokugcwale futhi sasekelwa yi-grain trust funds, i-agri-businesses nabanye ophathina abangosomaqhinga bazinikele ezinguqukweni zalo mkhakha.**
- Lokhu kusho ukuthi **nokufanele sizibandakanaye, ekungeniseni imali, noma sizibandakanye emisebenzini yokudayisa ukuze sizihlomlise thina.**
- Azikho **ezinye izinhloso** ngaphandle kokusiza ukukhula ngqo nokuthuthukisa abalimi eNingizimu Afrika siyakholwa ukuthi singawenza umehluko.

Ngabe yini 'ukubusa okuhle'?

Ukubusa okuhle kutholakala ekuzinikeleni kumbono wokuhlela kanye nasemizameni ephusile ukucabanga ngabo bonke abahlanganyele. Kudingeka isinyathelo esinenjongo esiqinisekile abanentshisekelo kukhulunywe nabo futhi baveziwe emsebenzi wephroekthi. **Ukuhlanganya, ukuzibophezel, ukuba sobala, ukuphendula, ukusebenza, ikhono lokwenza, llingene nokuhbandakanya, kanye nokuhlonipha umbuso womthetho wohlaka Iwenqubomgommo.** Ukubusa okuhle kuyimpendulo emelete nekusasa lezidingo zenhlangano, futhi usebenzisa ukuhlanipha ekwenzeni izinqumo.

